www.PapaCambridge.com

CAMBRIDGE INTERNATIONAL EXAMINATIONS

Cambridge International General Certificate of Secondary Education

# MARK SCHEME for the October/November 2014 series

# 0531 ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE

**0531/02** Paper 2 (Listening), maximum raw mark 30

This mark scheme is published as an aid to teachers and candidates, to indicate the requirements of the examination. It shows the basis on which Examiners were instructed to award marks. It does not indicate the details of the discussions that took place at an Examiners' meeting before marking began, which would have considered the acceptability of alternative answers.

Mark schemes should be read in conjunction with the question paper and the Principal Examiner Report for Teachers.

Cambridge will not enter into discussions about these mark schemes.

Cambridge is publishing the mark schemes for the October/November 2014 series for most Cambridge IGCSE®, Cambridge International A and AS Level components and some Cambridge O Level components.

® IGCSE is the registered trademark of Cambridge International Examinations.

CAMBRIDGE

www.PapaCambridge.com

**Umsebenzi 3, umbuzo 12**

**UKONGIWA KWEMVELO**

Isibonelo sesilwane esisengozini yokushabala: **ngubhejane** [1]

- kukushiya ompompi bevuza
- sebenzisa **amapayipi amanzi** (ukuwasha izimoto). [1]

Izindlela ezinconywayo zokuvikela amahlathi:
- ukungagawulwa kwezihlahla
- kuyekwe **ukuxetshulwa kwamagxolo ezihlahla** [1]

Izindlela ezinconywayo zokubhekana nokungcoliseka kwemvelo:

1 ukubeka eceleni usuku olulodwa lokuhlanza

2 ukunikeza izigwebo ezinzima **kwabangcolisayo** [1]

3 **ukuvalwa** kwamafemu amakhulu angalandeli imithetho [1]

Izindlela ezinhle zokusebenzisa amanzi
1 ukuwaphuza
2 ukugeza
3 ukuwasha izingubo
4 **ukuchelela ngawo izitshalo** [1]
5 **ukuphehla ngawo ugesi** [1]

Iqhaza labasha ekulondolozeni imvelo
1 ukuqwashisa abantu ngalokhu
2 **ukufundisa abantu ngalokhu** [1]

**[Total: 8]**

www.PapaCambridge.com

**Umsebenzi 4, imibuzo 13–19**

**13** Wakuthanda esemncane ebona umalume wakhe owayesebenza kwezokuvikela nakuMkhonto wesizwe [1]

**14** Ngumalume wakhe [1] ngoba wayesebenzela umbutho weMK/ eyisosha lombutho weSANDF.[1] [2]

**15** Angathanda ukwakha amabhuloho nezinkundla zamabhanoyi. [1]

**16** Isitifiketi seComputer Programming. [1]

**17** Wayebheka okonakele aphinde ayilungise. [1]

**18** **(i)** Ungumuntu othanda ukusebenza ngokuzinikela, nangokuzikhandla okukhulu. [1]

**(ii)** Uthanda ukwakha ubudlelwane obuhle nabasaduze kwakhe [1]

**(iii)** Uthanda ukuba lusizo kwabanye abantu, ikakhulu abahluphekileyo. [1]

**19** Ukwazi ukumelana nobuningi bamahora asetshenzwayo nosuku olude. [1]

Ukwamukela isidingo esingahle sivele sokuba uyohlala kude nasekhaya isikhathi esingaba ngamaviki kumbe izinyanga? [1]

**[Isamba: 11]**

www.PapaCambridge.com

**Transcript**

**Umsebenzi 1, imibuzo 1–6**

***Izwi lowesifazane:***

Ngibonga ithuba mphathi wohlelo. Ngibingelela ngenhlonipho iSilo samaZulu nendlunkulu yonkana. USodolobha, UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa komnotho noMphakathi wonke wakwaNongoma namaphethelo. Kuyintokozo enkulu kimi ukuthola leli thuba lokuba ngithi ukukhuluma mayelana nokuphathwa kwebhizinisi. Ibhizinisi liyatetema lifana nosana. Lifuna ulinakekele njengoba unakekela usana. Kufanele wazi ukuthi uma uqala ibhizinisi, udinga ube nemali. Akufanele ujahe ukuthola inzuzo. Uma usalisungula ibhizinisi singakufanisa nje nokwakha indlu, lapho oqale umbe ushone phansi, bese uthela usimende phansi zingakasukumi izindonga. Nebhizinisi linjalo.
Udinga ukuthi wenze imizamo yokukhangisa ibhizinisi lakho, ngaphandle kwalokho angeke uthengwe umkhiqizo wakho. Udinga imali yokuholela abasebenzi. Ngeke uthi uyabaholela ngoba usuthole inzuzo, nabo banezidingo zabo.

Ibhizinisi liyasidinga kakhulu isikhathi sakho uma usalisungula. Lesi yisikhathi Kuningi okufundayo ngalesi sikhathi ufunda umsebenzi, kungaba ukuchitha isikhathi ukuvula ibhizinisi le-inthanethi emakhaya, kubantu abangaboni sidingo se-inthanethi. Funda ukuphatha abathengi. Kumele ukhumbule ukuthi bonke laba bantu banamalungelo, ngakho bahloniphe. Akusafani nakuqala lapho wawuqasha uxoshe ngokuthanda kwakho. Kubalulekile futhi ukuhlanganyela nabanye osomabhizinisi nabasakhasa ukuze nesekelane ngemikhiqizo engafani. Uma ibhizinisi lakho selivuthiwe, ususethubeni elihle lokucabanga izindlela ongalithuthukisa ngazo. Kudinga uqaphele ukuthi imali uyisebenzisa ngendlela efanele, ukubheka inzuzo nokuyizalanisa. Ukugcinwa kwamabhuku ezimali kungumgogodla webhizinisi. Kubalulekile ukuqhubeka uzenzele ugazi kubathengi. Empeleni nje ibhizinisi lifuna umuntu wabantu, hhayi inkomo edla yodwa, othanda ukuhlala yedwa, hhayi futhi ipigogo elithanda ukubukwa. Abantu bayalicasukela ipigogo. Ungabona sebengasawuthengi umkhiqizo wakho kanti uwena osuphenduke ipigogo.

www.PapaCambridge.com

**Umsebenzi 2, imibuzo 7–11**

***Izwi lowesilisa:***

Umjaho weDusi Canoe Marathon ngumjaho wenzeka endaweni engubude obungamakhilomitha angama 125, ngezinsuku ezintathu, phakathi koMgungundlovu kanye neTheku, izingxenyana zalo mjaho zihanjwa ngezinyawo abagwedli betshethe izikepbhe zokugwedla.
ULondi Dlamini, yintombazane engenele umqhudelwano phakathi kweminyaka ka 2010 kuya ku 2012, ungenele imijaho emi-5 kanti onyakeni ka 2012 uzithole kunguye ophumelele. Ake sixoxisane naye. Zazihamba kanjani izinhlelo zakho zokuziqeqesha ulungiselela lo mjaho?

***Izwi lowesifazane:***

Ngiziqeqesha unyaka uqala uze uyophela, ngizigcina nginomzimba oqinile nophilile ngokungenela imijaho emide kanye nokushaya umgwaqo. Ngiqale ukuziqeqesha okuqondene nalo mjaho sekusele izinyanga ezintathu ngaphambi komjaho, ngiphuma ngiyogwedla okusemandleni nokuthokozela isikhathi esimnandi emfuleni noma edamini.

***Izwi lowesilisa:***

Wawucabanga ukuthi uzokwenza kanjani kulo mjaho kulo nyaka?

***Izwi lowesifazane:***

Lo nyaka bekuwunyaka onzima wokuqhudelana ngoba kwakunabagwedli abasezingeni eliphakeme kakhulu ngakho ngangicabangi ukuthi ngingagcina ngiphumelele kulo mjaho. Ngangifuna okungenani ukuphuma kwabayisihlanu bokuqala uma ngenze kahle kakhulu ngiphume kwabathathu bokuqala.

***Izwi lowesilisa:***

Sasinjani isimo somqondo wakho ngesikhathi somjaho?

***Izwi lowesifazane:***

Yize lo mjaho uqhubeka ngezinsuku ezintathu ngangingenaso isikhathi sokucabanga okungakenzeki, ngangizicabangela ngemanje usaqhubeka umjaho, ngizama ukugcina umgqigqo nejubane elifanele ngenza isiqiniseko sokuthi angigwedli ngamandla kakhulu kusesekuqaleni hleze ngisheshe ngiphelelwe ngamandla. Bengilokhu ngikwenza lokhu eminyakeni embalwa edlule ngakho sengifunde ukulungiselela umqondo wami ngomjaho, futhi lokhu kungisebenzela kahle kakhulu.

***Izwi lowesilisa:***

Wazizwa unjani lapho weqa intambo ekugcineni?

***Izwi lowesifazane:***

Kwamane kwangeqa konke lokhu kwacishe kwangisanganisa ikhanda. Kwangithatha isikhathi ngaphambi kokuba kungicacele ukuthi ngiphumelele, eqinisweni namanje akukangeni ekhanda lokhu.

***Izwi lowesilisa:***

Wazizwa unjani uma sewuthola ukuthi wephule irekhodi elisha losuku lokugcina lomjaho?

www.PapaCambridge.com

***Izwi lowesifazane:***

Kwafana nombhanselo lokho kimi. Kwakuyirekhodi leDusi ebeselimi isikhathi eside seminyaka engama-21 edlule. Ukukhuluma iqiniso, ngaleso sikhathi angizange ngilinake kakhulu irekhodi, ukuphumelela kwakuyiyona nto ebaluleke kakhulu kimi. Kodwa manje ngikuzwa kumnandi ukuba nalo futhi ngethemba ukuthi lizoke lime isikhashana.

***Izwi lowesilisa:***

Lokhu kuphumelela kwakushintsha kanjani ukuzethemba kwakho mayelana nemijaho ezayo owawusazoyingenela esikhathini esizayo?

***Izwi lowesifazane:***

Ngempela ukuphumelela kwenze ukuba ngizethembe kakhulu kunakuqala, kodwa ngesikhathi esifanayo kungifakele ingcindezi. Ngifike kulo mjaho walo nyaka ngifana nehhashi elimnyama elingakaze liphumelele liphume kwabokuthathu bokuqala kodwa manje ngoba ngiphumelele abantu balindele ukuba ngenze okufanayo ngonyaka ozayo.

www.PapaCambridge.com

**Umsebenzi 3, umbuzo 12**

***Izwi lowesilisa:***

Sawubona mama. Ngifisa ukwazi ukuthi njengoba nihlangene lapha nje nihlanganele ukwenzani?

***Izwi lowesifazane:***

Siyabonana mntanami. Sihlangene lapha nje sisemkhankasweni wokufundisa abantu ngokongiwa kwemvelo.

***Izwi lowesilisa:***

Ngabe sekunenkinga yini ngemvelo?

***Izwi lowesifazane:***

Yebo ndodana, sekunenkinga enkulu impela. Sekutholakele ukuthi akusensuku zatshwala imvelo esinayo ishabalale kuhle kwamazolo ebona ilanga ngenxa yendlela ephethwe ngayo. Abantu abayinakekeli okwangempela imvelo.

***Izwi lowesilisa:***

Kuyini lokhu okwenziwa ngabantu okudicilela phansi imvelo osekungaze kuyenze iphele?

***Izwi lowesifazane:***

Okokuqala abantu abayinakekeli imvelo, abazi nokuthi lidumephi nje. Abantu bayazingenela nje eziqiwini bazingele obhejane ukuze bathole uphondo lwabo bahambe bayoludayisa khona bezothola imali, phela imali ayiluthezi olumanzi. Okwesibili sekutholakele ukuthi eminyakeni engemingaki ezayo sizoba nenkinga yamanzi. Abantu abanendaba bamane bashiye ompompi bevuza amanzi, lokho okuholela ekutheni amanzi esinawo anciphe. Abantu abakafundi ukuthi akumele basebenzise ipayipi ukugeza izimoto. Abantu kumele bavikele imvelo ngokuthi bangawangcolisi amanzi.

***Izwi lowesilisa:***

Ngokwakho ukubona yini engenziwa ukuze imvelo ivikeleke?

***Izwi lowesifazane:***

Kuningi kabi okungenziwa. Silapha nje sesiqale wona umkhankaso wokufundisa abantu ngokongiwa kwemvelo. Abantu kumele bazi ukuthi kuyicala elibomvu ukuzingela izilwane zasendle ngokungemthetho.
Oyotholakala enza lokho uyothathelwa izinyathelo ezinzima. Abantu kumele bonge amahlathi ngokuthi bangahambi begawula izihlahla noma kuphi. Abantu kumele baxwayiswe ngokuxebula amagxolo ezihlahla ngoba ukwenzenjalo kuyazibulala ngoba lokho kuyayinukubeza imvelo. Kumele kanye ngesonto kube nelanga lokukhuculula konke ukungcola okwenzakele nomuntu otholakala elahla noma kuphi ajeze ngaleso senzo sakhe sobunuku. Izimboni ezinkulu ezikhiqiza amakhemikhali angcolisa umoya kumele zivalwe uma zingafuni ukwenza imizamo yokunciphisa ukungcolisa umoya.

***Izwi lowesilisa:***

Imvelo ibaluleke ngani?

***Izwi lowesifazane:***

www.PapaCambridge.com

Amanzi angumgogodla wempilo, uma sidedela amanzi ashabalale impilo izophela kithi. Siphila kungenxa yamanzi, amanzi siyawaphuza, sigeze ngawo, sichelele ngawo izitshalo, siwashe ngaw kubuye kuphehlwe ngawo ugesi. Nomoya nawo ubaluleke njengawo amanzi. Angithi uyazi ukuthi umuntu ophelelwa umoya kuba nzima kanjani ukuphefumula uma umuntu umncisha umoya nakanjani lowo uyafa.

***Izwi lowesilisa:***

Iliphi iqhaza elingabanjwa intsha lapha?

***Izwi lowesifazane:***

Phela kuthiwa inkunzi isematholeni. Intsha iyona okumele ibambe iqhaza elikhulu ngokuthi ihambe iqwashisa abantu ngenkinga esibhekene nayo yokunukubezeka kwemvelo, iphinde ifundise ngezinto okumele zenziwe ukuvikela lesi simo esizayo.

***Izwi lowesifazane:***

Nami ngiyabonga ndodana.

www.PapaCambridge.com

**Umsebenzi 4, imibuzo 13–19**

***Izwi lowesifazane:***

Sawubona Mnumzane Ngobeni. Siyakwamukela kule inthaviyu ephathelene nesicelo sakho somsebenzi embuthweni wezokuvikela iSANDF. Mina nginguBrigadier Thandeka Mbhele.

***Izwi lowesilisa:***

Sawubona Brigadier Mbhele. Ngiyabonga ukungimema kwenu kule inthaviyu engethemba ukuthi izongivulela amasango okufeza amaphupho ami.

***Izwi lowesifazane:***

Ngibonile kwiCV yakho ukuthi ungumuntu ophothule iziqu ze-Engineering eTshwane University of Technology. Ungake ungichazele ukuthi yini ekuhehele embuthweni wezokuvikela ube unesitifiketi esihle kangaka somsebenzi wobunjiniyela.

***Izwi lowesilisa:***

Brigadier, ngabuthanda kakhulu ubusotsha ekukhuleni kwami, ngaba nentshisekelo yokuphosa itshe esivivaneni sokuvikela izwe lakithi engayithola kumalume owabe eyilungu loMkhonto Wesizwe, waphinde waba nguSayitsheni embuthweni kwazwelonke wezokuvikela, manje osethathe umhlalaphansi. Ngithe noma ngikhetha izifundo zobunjiniyela bezobuxhakaxhaka bemishini, ngabe ngizitshela ukuthi lolu lwazi engilufundelayo lungaba wusizo embuthweni wezempi ukwakha amabhuloho nezinkundla zamabhanoyi empi.

***Izwi lowesifazane:***

Ngabe usazimisele yini ukuqhuba izifundo zakho Mnu Ngobeni? Uma kunjalo, uzimisele ukuziqhuba kumuphi umkhakha?

***Izwi lowesilisa:***

Ngaphezu kwakho konke Brigadier. Ngizimisele ukufundela ubusotsha. Uma bekungenzeka, bengingalithokozela ithuba lokuba ngigogode ezifundweni ezibhekene ngqo nobunjiniyela bemishini.

***Izwi lowesifazane:***

Ngabe akhona yini amanye amakhono onawo ngaphandle kwezobunjiniyela?

***Izwi lowesilisa:***

Yebo Brigadier, elinye ikhono enginalo ngelokuhlela ukusebenza kwamakhompuyutha okwaziwa ngokuthi yiComputer Programming.

***Izwi lowesifazane:***

Walizuzaphi leli khono Mnu Ngobeni?

***Izwi lowesilisa:***

Ngangeniswa kulo wumngane wami yena owakhetha zona lezi zifundo zamakhompyutha. Waqale wangikhombisa kancane, kancane ukusebenza kwawo, nami ngaze ngaba nogqozi lokwazi kabanzi ngawo. Ngakho-ke ngabe sengibhalisela izifundo zeComputer Programming zangasese esikoleni

www.PapaCambridge.com

iProgressive ITC Institute, engangifunda kusihlwa ngezinsuku ezithile evikini izinyanga eziyi... Lokhu ngakwenza ngisafundela bona ubunjiniyela. Ekugcineni ngazuza isitifiketi sawo lo mseb...

***Izwi lowesifazane:***

Ukhona yini umsebenzi osuke wawusebenza Mnu Ngobeni?

***Izwi lowesilisa:***

Angikaze ngisebenze ngokugcwele kodwa ngake ngasebenza okwesikhashana efekthri ekhiqiza imishini yokuthunga umshini wokuthunga ohluphayo obuyiswe ngamakhasimende, ngisize ukuwuhlola ukuthi ngabe udingani, bese ngiwulungisa ukuze ubuyele esimweni sokusebenza futhi.

***Izwi lowesifazane:***

Ungazichaza ngokuthi ungumuntu onjani Mnuzane Ngobeni?

***Izwi lowesilisa:***

Ngingumuntu othanda ukusebenza ngokuzinikela, nangokuzikhandla okukhulu. Ngizama ngaso sonke isikhathi ukwakha ubudlelwane obuhle nabasaduze kwami. Ngiyathanda ukuba lusizo kwabanye abantu, ikakhulu abahluphekileyo.

***Izwi lowesifazane:***

Uma uthola ithuba lokungenela ukuqeqeshwa embuthweni wezokuvikela, Mnumzane Ngobeni, ungakwazi ukusebenza usuku lonke namahora amade, kanye nesidingo esingahle sivele sokuba uyohlala kude nasekhaya isikhathi esingaba ngamaviki kumbe izinyanga?

***Izwi lowesilisa:***

Phinde, Brigadier, ngeke ngaba nenkinga nencane ngalokho.

***Izwi lowesifazane:***

Mangibonge-ke Mnu Ngobeni ngesikhathi osiphe sona sale nhlolovo. Sizokwazisa umphumela wayo uma sesiqede onke ama-inhlolovo esisazoba nawo, futhi sathola nesikhathi sokuhlanganisa amakhanda mayelana nesicelo sakho. Sikufisela inhlanhla esicelweni sakho.

***Izwi lowesilisa:***

Nami ngibonga kakhulu Brigadier ngethuba eninginike lona lokuziveza kini.